ngokunquma kwenyanga leyo eyilaphileyo. Kuthi nxa sekwelashiwe ziyekwe iye izinyani zingakhuzwa noma ziya emasimini. Inyanga eyelaphayo lena ithunqisela onke amasimi ihambe i6asa amazi6o kuwowonke, Ezinye izikho6a esizelaphile izilahla empophomeni mhlambe iziweze emfula iyozimbela ngapheshaya. Iqale igwede umuthi okuthiwa yimfingo izifake phakathike izikho6a esezixutshwe nemithi yayo. Kuyothi esontweni lokuqala zivinyiwe izinyoni zithele6e emasimini ku6e sengathi zi6iziwe kodwa zithi zingawadla zimuke zingaphindi zi6uye. Uma a6antu 6engawagcinanga unyalo wenyanga ziwadla ziwashaye ziwaqothule nayo ethi ingakuzwa loko ifunge igomele ithi nawona umuthi wami, naya ezindlini zenu nasezintombini zenu nasemaso6eni enu. Inkonkhelo yenyanga ku6ayiqoma, lama6ele ugensimu eyelashwayo kwavinjelwa izinyoni.

X.27 18 Ukukhalela Amakho6a.

Uma sekukhon' ukudla osekuvuthiwe, ama6ele eselikha6a elethembisayo kuye kuphume zonke izintombi zomnumzane zihambe zisiphul' amakhasi anesihlava. Ziphuma e6usuku sekuzakusa zisiphula, zisiphule zihambe nawo amakho6a zize ziwachithe kwesinye isifunda somunye umnumzane ziyokhiphela umhlola ngakhona. Nalowo nakulowo nuzi ezedlula kuwo, a6afana 6akhona 6aphumela esangweni lomuzi ugaphandle 6alale phansi 6ese kufika izintombi lezi zeqe phezu kwa6o. Kuqala enkulu intombi kuze kugane encane zi6eqe 6onke zi6aqede. Izintombi lezi zi6eqa njalo a6afana zinqunu 6ona 6alele 6abeke phezulu.

Zi6eqa njalo ziyahla6elela ziya6aqhinisa a6afana zinothisa ukudla uku6a kuphume isihlava.

Kukhishwa umhlola ekhaya. Izintombi zi6eqa njalo ziphethe izikhwe6u zombila nemfe.

Bese zihlakazeka ziya emaku6o kuyothi emini sezembethe 6ese zihlangana endaweni,

Enqunyiweyo ukuyokudla. Ku6uswe ngokudla nangotshwala, kusinwe kugiywe.

Kokunye kuwele impi uma sekufika izintombi zakulowo mnumzane lapho kuchithwe khona amakha6a anesililava. Sezizoxa6ana izintombi ngokuthi yini nizochitha indlala nomkhuhlane nesinyama nga6uthi na?"

28 19 Unomkhu6ulwane. (Umhoyizo).

Unomkhu6ulwane yinkosazana yasezulwini eya yehlele enta6eni.

/Kuyekuthi...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuyekuthi uma li6alele mhlamuhe kungen' umkhuhlane phakathi kweswe kuchiveliswe utshwala kulesosi godi. 6ese kwelusa amantombazane amakhulu nama ncane, abence amabeshu, ahamb' ephethe amago6ongwana otshwala. Afike aphuhluzwe a6ulawe ngo6a iningi lamantombazana ale-6uphuzi utshwala. 6ese kuhletshelelwa im6ino nenhlamba emini yonke. Isililo phela ngo6a 6ekhuleka kumkosazana kufunwa isi6usiso uku6a kun'izulu noku6a kuphel' umkhuhlane. Seku6uywa nazo njalo intambama izinkomo sekufike kudliwa kuphizwa. Nxa lomisile izulu lingasani kuye kuphim' mufazi ayohlala emfuleni afike anqume. Akhe amakhasi omsenge aziphumge ngawo ade ewacwilisa ananzini ezichinsa ngawo. Enze njalo imini yonke a6eloku ekhuluma inhlamba eloyisa aze a6uye ntambama. 6ese emema a6anyeke. Kuyothi la6a a6amenywo nguye 6avuke ukukhala kwemingelá 6aye enta6eni ekhonjwe ummemi womkayizo. Yena 6ayomfica esekhona phambili. 6ese 6ehamba 6e6ala amagquma 6ehla6elela amagama enhlamba 6ephethe amakhasi omsenge, 6enga6ingeleli umuntu a6ahlangane naye. Enwa kwaloko ku6ala kwa6o amagquma 6akhetha izi6uko elithile a6ayontshinga kulo isisila namanyala lawo ekade 6ewa hla6elela. Se6e-6uyake 6engasahla6oleli 6engasethuki se6e6e, ke imula phela. Uma ingafiki ngalelo6anga isiz'ifika ngoluny' usuku akuseyiyo eya6o seku-ngeya6anya. Uma limile ku6ongwe lowo omeme umhoyizo kuthiwe. Uma njalo ntombi yasekuthanathaneni iyengokuthi "Utombi yase Manen6eni sengathi ungeze wafa ungu Nkulunkulu wethu."

5.29. 19. <u>Unomkhubulwane.</u>

U Nomku6ulwane kwakufinkosazana iyisithunywa sase zulwini eya-thunyelwa emhla6eni ukuzafindisa a6antu ukusila utshwala nokutshala nokuvuna ukudla. Kwakuye kuthi uma kuwe umkhuhlane 6ese mnumzane ethumela ezinduneni uku6a zimeme uNomkhu6ulwane. Izintombi zonke zesifunda zifike e6usuku zifune izisekelo ezizo6etha ugazo nxa zihu-6a. Ekufikeni kwazo zingena ugakwesokhohlo esikhulu zizungeze umuzi ziye ziphume ngesokunene esincane 6ese zima esangweni. Nalowo mfazi ozeleyo noma okhulelwe aphume nezingane sezifake izintambo zemizi okhalweni zilaliswe pansi esangweni 6ese zeqiwa yizintombi yileyo njalo iyakhalakatsha igqa6ule intambo ihambe nayo. Kwenziwe njalo yonk' imizi yesi godi ize iphele.

Bese zihamba ziya kufuleni zilahle izintambo namatshe zihambe zikhuluma inhlamba zithi. Umagejane woze uCone. Nxa sezilahliwe

/lezozinto...................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lezozinto seku6uywa emfuleni. Alisekuhutshwa lelogama Sekufikwa ekhaya ngalolusuku lezintombi zika Nomkhu6ulwane zilala kwasalukazi zikhip' isisila. Aziqomjiswa ngalolosuku ngo6a zingcolile. Sekoze kuphele izinsukuana kulungiselwe uku6a kucivilisewe utshwala.

Naleyontombi isikhumbula isihlo6o sayo iyophukula. Ifike ingene nje emzini ithule ingakhulumi. Ba6e 6eyayi6uze ukuthi iphumaphi inga-phenduli 6aze 6athi "Uzophukula yini? Ibis' ivumake. Bese 6e6uzake ukuthi 6ekwenzwani? Beseku6a yikhona 6alandisayo ukuthi 6ekumenywe uNomkhu6ulwane. Bese 6eyinika ke a6angayinika kona okunjengokudla
630 noma yini nje a6anayo. I6isidlulela phambili iyophukala kwa6anye. Ize iziqede izihlo6o zayo 6ese iphindela ekhaya.

Isidlinz isikhathi induna sokuthi ngaseziphelile zonke izintombi ezaziyophukula. Bese ziqoqwa zonke izintombi zi6uzwa ukuthi seziphu-kule zonke, na? Zivume ke. Bese zitshelwa ukuthi zicwilise, 6eze-zigaya mhla kukhanyayo.

E6usuku izintombi 6ese ziphuma zihambe zimemeza zithi!" "Zivuleleni Zisho zikhipha izinkomo. Sezembethe amabeshu, ziphethe izihlangu nezimboko nakokonke okuwumulwa nokuphatwa nga6anewa6o. A6afana namhla 6ayaja6ula ngo6a a6az' ukwalusa. Bayode' ukudla 6ayoqonyiswa. Bese 6ethatha amarwata (amahwata) odadewa6o 6evumila ngawo ngo6a 6azintombi namhlanje yi6ona, 6ezogqiza lapha izinsizwa zigiya. Izinkomo seziyadla ethafeni zaluswa yizintombi. Utshwala nokudla sekudliwa uyewonke umuntu womphakathe wezintombi khona endle. Izintombi sezigiya khona endle ziya6ongana sezize zi6uyisa izinkomo ngesikhathi senhlazane. Na-mhlanje izintombi zizode isithu6i. U6isi luzophekw' isithu6i noma ingekho ezeleyo. Isithu6i njalo zisidlel' emaku6o, izinsuku zize zi6e mbili. Uma izintombi ziqhu6a izinkomo zakwesinye isifunda zaziyisa kwesinye isifunda ziyolahla umkhuhlane ngakhona ziyezithi zinga6onwa izintombi zangapho. 6esezilwa, zi6anga ukuzothelelwa umkhuhlane wa-kwesinye isifunda, kuze kuchitheke igazi. Yiko loku okwenza uku6a kuthiwe lomkhu6a mawaphele.

Insimi kaNomkhu6ulwana yayilinywa a6afazi endle i6iyelwe kodwa ingafulwa ingavunwa ukudla kwayo komela khona kuphelele, khona kuthiwe kudliwe Inkosazana uNomkhu6ulwane kuthiwa ufika nenkungu namafu umile utshane nganxanye nganxanye imithi. Akaziwa lapha ehlala khona.

7/Ukucela................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Dukuduku inkosi isithi futhi: "Ake imphindele kusi6ani6ani nithi" Hawu uthi uNdabezitha uyayi Gonga ingeqo yakho phoke usal" usulinganisela ekhaleni na. Loku kumkwe lis' ikhanda ngo6a uthehlwasa khabeni linye kakwehlila malunyembezi."

Ekufikeni kwawo e6eka lamazwi sesiphinda isikhulu siwahla6isa
33 futhi amanxusa ngo6a athi uma efika kufike ku6uzwe ukuthi infike nadlani? Nenkome leyo a6ayidlileyo kubuzisiswe ukuthi i6icolile na nokuthi i6ihgakanani na? Uyawa6uyiselake uma e6ekhiphe amashumi ama6ili usekhipha mathathu kuphele amashumi amahlanu. Lezoke sezohamba naye uqo6o usethatha a6akhe a6antu a6amthwaleleyo amacansi nezigqiki nezingqoko nesicephu. Uyafika phambili use6ang' amakhosi esangweni, uma enembongi uhamba nayo ifike im6ongele. Ufika ngalo 6elu igama lokulandula, Esefikileke, usephekelu.' isijingi naye ayesiphekel' amanxusa. Sekufika izince6u zenkosi zizo6ong' izinkomo Sokukhona ezophekelwa yinkosi.

Esethile, inkosi esim6iza ukuzokhuluma nayo. I6akakhulumi 6ulanda 6elu isakhala ngayo ingeqo ukuthi. "Hawu 6ani, uthi u6ungathi usungigeqela pho khona nxa kungasekho lutho eshungwini u6ungesalu' sugaya lona na? U6uthi ngiyakwenzenjanina? Uya6ona kampe ukuthi ungangishaya ngempama ngiwe (Amashumi amahlanu phela impana leyo) Ca! mutaka6ani, uyihlo waye ukuthi, hamba iye usal' usucinga amankonyane amahlanu. Kodwa ke aseyolandiwa yini. Ngiyofika ngo-
34 suku oluthile. Utsho ukuyokwendisa le lapho eshonjalo. Sesiphendulake isikhulu sithi Hawu! Silo, loku phela 6engithi sengezozilahla amathamb' esilwenI?" Ca phela 6ani ngiyakuzwela hamba nje uyocing' amathole a6esihlanu. Ngiyofika ugosuku oluthile uthi usungehlulwa amathol' amahlanu nje 6ani? Yilaphophela amathambo ungawalahla alahleke. Uthi ungawalahla ngokungishaya ngempama 6ani?" "Hawu" ngonyama 6okungathi imbu6e ingasale isingibek edolweni kulolusuku lwayo ngo6a angethembi lutho. Luhlangalezwe; "Qha6o 6ani 6eka izwi ngizwe" "Ngonyama" 6engithi isilo asisuthi inyamazane ngo6uncane 6ayo Phoke lapho, Ingonyama i6ingasesa6ile ukudl' impuku i6ingesal' isingi6ekedolweni, inkosi, kumpe ngingaqa6uka ngithola amathole ama6ili naku6a mathathu ngo6a angethembi lutho, silo. Sengisho konanje, Luhlangalezwe, ukuhamba ngiwa ngivuka emahlathini ngo6a funa imbu6e ingidlel' indlala. Qhake 6ani sengiyofika ngenyanga ethile. "Wo!

/angazike................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

angazike ngonyama" sekuvumiyelwene njalo.

Ilandwa ngu Gumede
Mombeni,
Eshowe.

38(2) 25 Uku6ethelelwa kweZulu.

Inyanga yoku6ethel' izulu isifikile ifini inkomo nemon zihlatshwe zombili. I6isikheth' izitho ezithile nje-ngezindlala nenyam' edikizayo kakhulu u6uchopho 6emon I6is thath' izinsila za6antu 6anke ekhaya isiqo6' imithi isiyeshisa nawo wonke amacwiyo ewacwiyileyo kulezozitho ikushise odengezini. Ithathe insizi nomhlehlo walesilwane ihuqe izinti ezoha zizohlanywa phezu kwezindlu uma izulu liduma I6is' ithath' izinsila iyakuzimbela enta6eni ukuze.

39 Kuthi uma kukhona umuntu oletha izulu ekhaya lidlule liye lapho kumbelwe khona izinsila. I6is' ivimba ekhaya ngezikhonkwane ezihuqwe ngale usizi e6iphekwe ngodengezi. Isikhonkwane izigxumeke zikake umuzi. I6is 'igxumeka-ezinye phakathi endlini kuleyo naleyondlu. Ku6e isikhonkwane emnyango wasensi6eni esemsamo, nezinti ezihlonywe emsamo phezulu ezophuma inhlaladuma zihlonywe izinhlangothi zone zezindlu. Ngezinsuku oku6ethelwe ngazo kumisiwe uku6a kungayi 'muntu endlini yakhe nezintombi zingayi emasokeni, nezinsizwa zingayi ezintombini zazo kuze kufe inyanga. Izinti lezo ezihlonywe ngaphakathi phezulu ezindlini lo6eyahlome zikhishwe, zihlonywe inxa zone zezindlu lise qede ziphindeliselwe ezindlini. Noma kungekho muntu ekhaya 6esemasimini nomaphi uje 6onel' uku6on' ifu elifanele ukuleth' ukuduma, agijime umutnu ayozikhipha azihlome njengokwenzi wa kwako.

Inyangake inel' ukuqeda lomse6enzi ishay' inkomo ngalo lelolanga. Emuva kweminyaka emi6ili isiyo6uy' izivusela izikhonkwane ngayo leyonsizi yayo. Enye inyanga ike ishiye nodengezi okuyakuthi uma liduma lushiswe kuthunqiselwe izulu ngalo ukuze lidlule. Uma liduma ikhona iyakhifa ngomuthi okuthiwa "Umakuphole" iledlulise Inyanga ephatha izulu ayihlali endlini nxa liduma lize lise iloku iphandle, ilishunqisela ilikhufa uku6a ledlule. Kuthiwa kungavela ingozi uma ihlezi endlini ngo6a izulu lizongena lizofuna yona.

40(1/2)

43(1/2) 27 Ukukhonzwa kwaMadlozi.

A6antu 6onke 6amiliswa ngamadlozi eziswini. Nxa umlo6okazi egana ekhaya kuhutshwa ihu6o lawo khokho ukuze amadlozi asondele

/ambeke................. ....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ambeke. Futhi umakoti lo ufika nenkomo yamadlozi okuthiwa "isigodo" Kayikuziyela endlini yomnumzane engakangeniswa ngokuba ungumlanda
44 kazana. Nasesibayeni kayikungena engekangeniswa ngoba phela indluleyo wesibaya leso okwamadlozi. Nalaphi esengenisiwe endlini lapho uyongena ngasohlangothini lukanwa nendoda yakhe engeqi ukuya ngakolukayise wendoda. Noma kukhona into ayifunayo uma isohlangothini luka yisezala kayi kuluthatha uma kungekho muntu ongamnikezayo. Nenduku angeyithinte kanti futhi naso isitsha. Angesithinti nangenduku ngoba ngabe usecaphaluze amadlozi uma enze njalo.

Kunjalo nasesibayeni noma ezosinda angengene ukuyothatha ubulongwe nasenkundleni angebubuthe. Uma kungekho muntu ngempela woku mthathela angaze ayobufuna emzileni wezinkomo.

Ekufikeni kwakhe ebesina ngayizolo uyaqholisana ngenkomo angayidli inyama yayo. Into nje azakuyenza uzakuphuma nezintombi, aye esebayeni afike anqume ishoba layo, engembethe lutho ebincile nje kuphela alibeke embengeni alise emnyango ngenhla, abuyele endlini alilale. Loku kuqondisa ukuthi umlobokazi usehlanganiswa namadlozi akwakhe
45 Sekuzakuthi ukuba abakubo bahambe basale bemthela ngenyongo ke abakowakhe okukhombis' ukuthi use ngumfazi wabo. Ngangomusoke uyakuhlambisa athathe amanzi ahlambise abantu esibayeni akhiphe izimpahla zokuhlambisa zibengangobuningi babantu bakulowamuzi abafanele ukuhlanjiso.

Ngokugana kwakheloko abasemzini besebemembesa bengcoba ngamafutha Isikhombiso belu sokuthi naye useyinsila yamadlozi akhona ekhaya yikhonake esezongena endlini. Esengene sekuhlatshwa imbuzi ebikwa emadlozini ukuba amбeke naye abengemuntu athole iqanjana - ingane. Emuva kwesikhathi esithile njengokubona komnumzane, lenkomo afike nayo izogayelwa utshwala ihlatshwe kanye nembuzi azakuyipheka kuhlatshwe enye futhi inkomo yesibili eyona azakuyidla kanye nabalobokazi abanye. Lena eyisigodo akanakuyidla angedlelane namadlozi phezu kokuba usebikiwe kuwo.

Kuthi ke uma kulukhimi ukuthola isisu kubonakale ukuthi kukhona okusolekayo emadlozini. Umnumzane avumile akhale kwabakwabo ngengane yabantu lena okuyiloko ifikile injengesihambi athi. "Hawu!" nina bakwethu kusolekani loku nganibekela? Pho kungaze kube nje? Nawe
46 Babamkhulu na, ungabi usayikhuluma, lendaba na uyobuyelaphi? Bon' abantabakho labo onabo lapho nomame (nabafowethu) nabafowenu nonge

/naphi....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

naphi lapha senichitha ixhi6a leni na? Sondelani 6akwethu nivusane niyeke futhi ukuthuma izingane kulomse6enzi wenu ezo6uye zili6ale ukudlala. E6ese6a6iza 6onke e6a6onga ngezi6ongo za6o ese6akhombisa inkomo ethi! Naku ukudla kwenu sondelani nidle, nihlangane nikhulume lenda6a ukuthi kwenziwanyani ngalelixhi6a lenu elichithekayo.

Isihlatshwa ke inkomo leyo. Ngalolo suku kuyosindwa wonk' umuzi kushanelwe futhi emagcekeni 6avumile 6onk' a6alo6okazi 6ahambe ngemuva kwezindlu 6ehlonipha amadlozi a6iziweyo. Njalonjaloke 6o6eyagule kukhalwe kuwo amadlozi kungaka6izwa nanyanga. Pugaze i6izwe ngoku6a ukufa sekweqa amadolo. Nowesifazane u6izelwa inyanga uma engatholi lutho njalo phezu koku6a sekuciliwe emadlozini. Kusukweke kuyiwe ezangomeni kuyofunwa ukuthi kanti yini; lokoke okushiwo yisangoma yikona sekuzosetshe uzwa ngako. Laph' izulu lomisile kuyiwa emakhosini amadlozi amakhulu phela. Izinyandezulu zezwe kuyocelwa imvula.

47(4) Kusiwa izinka6i, zisiwa yinkosi yezwe nezinduna zayo endaweni lapho kungeatshwa khona amakhosi odwa lapho kuthiwa kusemakhosini. Izinka6i lezi zifike zihlatshwe ziphekelwe khona zidliwe ziphele khona kuhutshwe amahu6o awo amakhosi. A6antu 6akhe 6amuke nemifula ngo6a 6athi 6ehla enta6eni 6evela khona emakhosini 6ese 6elandelwa yimvula kugcwale imifula 6engakafinyeleli emakhaya.

53(1) Ngokwemvelo yakwa Zulu uNkulunkulu waziwa ngokuthi UMVELANQANGI owada6ula a6antu ohlangeni, zonke izinto ezikhona ezweni zadatshulwa nguye; izulu, nomoya, nokuduma, nemodla nesi chotho, nenala, nendlala, nezilwane, nezi nambuzane zonke ezikhona, nakokonke okulilumayo kwa datshulwa nguye. Isizukulwana somda6u wokuqala sazi UMVELANQANGI. uku6a ungumenzi waso. Mukhulu uye6a6eka unolaka, umomusa uyakhonzwa ukuze achumise umusa wakhe asiphephise olakeni lwakhe; uyenake isizukulwane sokuqala IDLOZI. Lesizukulwana sokuqala, Okuthe uku6a sidlule sa6a amadlozi esizukulwana esilandelayo, kanjaloke zalandelana izizukulwana namadlozi azo njalonjalo. UMVELINQANGI lo uyenake IDLOZI elikhulu elandulelayo okuthi uma kukhonzwa amadlozi okhokho izizukulwane ngezizukulwana ngokwenyuka kwazo ziqhu6eka zisincengela kuye siqi

31 Umphefumulo.

Umphefumulo kawuqondakali kahle isimo sawo ngo6a unezindlela ezininingi zokuzi6onakalisa ku6antu. Ugumphefemulo o6etha enhliziyweni

/ugijime..... ..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ugijime nemithambo yegazi, ngemphefumulo o6onakala uphuma ngezimbo6o zamakhala ngumphefumulo oletha ukukhaya emehlweni, ngumphefumulo okuyiwona luqo6o lokuphila komuntu; kusuke sekunqamuke wona uma, umuntu equlekile usuke se usuphuma waphelake uma umuntu esefile. Ngakoke umphefumulo lo angumoya okuthi uma umzimba noma isidumbu silele uhanjelwe eminye imimoya; uyayi6ona lemimoya ukhuluma nayo uphupha namaphupha umgcwalisa ngemizwa elungileyo noma enu6i, umqhu6a uku6a enze okulungileyo noma oku6i; umnikeza ukuja6ula noma ukuda6uka.

Umphefumulo ungalinganiswa naleyo nxenye yo6untu 6ethu o6uyisithunzi somuntu okunguyena yena u6untu o6emgafiyo o6ungumoya; othi ungasuka endlini yawo e6izwa ngokuthi umzimba wehlukane na6antu a6angekafi uze u6uyiswe ngokukhushulwa.

Umoya womuntu ophilayo u6izwa ngokuthi umphefumulo kodwa umoya oyisithunzi somuntu ofileyo u6izwa ngokuthi <u>IDLOZI</u>, <u>ITHONGO</u>. Uma umuntu efile isidumbu siyambelwa ethuneni kodwa isithunzi sakhe siyasala. Isithunzi sakhe esinguye sisala kulowo muzi a6ehlala kuwo
53(23) endaweni lapho e6ehlala khona. Kulezithunzi za6anga sekho ezweni yilapho inkolo ya6antu yayigxile khona kanti futhi nempilo ya6o yonke ya incike khona, kuzona nemhlalo nemikhu6a ya6o yemvelo imelwe uku6a i6e engaxwayene nezifiso za6angasekho; akufuneki umuntu enze okungazange kwenziwe nga6adala kungase kukhuzwe umhlola. Engqondweni ya6antu kukhona, enkolo yokuthi izi6azi ezisemzimbeni womuntu zi6uye zi6onakale kuye uma ephenduke wayinyoka. IDLOZI phela ehambela a6omuzi wakhe. A6antu 6akholwa ukuthi izithunzi ezingumoya zisuke zinguye uqo6o umuntu owafayo uma zikahlambela emaphupheni e6usuku ziza ziyi6o lo6o 6uso 6ala6o 6antu a6a6aziyo zivumile ngezivumilo a6azaziyo, ziyisimo somufingazo zonke izindlela, 6aze 6athi nokusho. Ingani nguye impela nje uSo6ani6ani waesemhlophe esethe qhwa "Uma ithulisile zithi izalukazi" "Ani6oni yini ingani wa esekhokho6a egaqa ngamadolona;" 6esho enyokeni ngo6a ingasanya kazi, noma 6eyichuphuluza ngothi 6athi "Inyekeni wayevele engasena mandla, A6antu 6akholuta ukuthi lezithunzi ezi imimoya zifana na6antu ziya6onwa zi6uye zidlule zindamalale ziyanyenyeza uma zikhuluma, ukudla ziyakukhotha azidlisi okwa6aphilayo ezweni, yile ukuloke e6enza uku6a 6anamathele kangaka ekukhonzeni AMADLOZI.

20/IMIMOYA..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

isidumbu sisongwe ngesikhumba sayo; a6anye a6antu 6ambela khona esi6ayeni aqondaniswe nomnyango wendlu yangasenhla indlumkulu - ithuna li6a sentu6eni yesi6aya liqondane nomnyango wendlu yakhe, kususela suhla ombelwayo kuze kuyofika osukwini lwe HLAMBO. Indlalifa yomufi idane ithi lapha kuthatha ukusa 6esalele 6onke i6isikade yena phezu kwethuna lika yise nomkhonto wona okayise u6uze uyise angayeleki ngesithunzi i6e imphuphe elala 6umeyenzela ukuniqonela umufi ukuze amadela ayo a6elukhimi eyengekayise. Umbelwa esi6ayeni nje ukuze izinkomo azishiyayo zime. Ezakhe zekhe thelo ezinkulu ezinhle ezindala ezingasa6otshelwa ezinye sezahluleka nokugijima, zingathengiswa noma zihlatshwe ngo6a sezilinde umuzi, ezoku6onga amadlozi noma zi6ulawe inhla kufa umnumzane zimandlalele ethuneni zi6e idile lezihlo6o ezizomkhuza -- zizomkhalela phela. Uma kungumngcwa6o wenkosi nekhulu lezinka6i liyahlatshwa. Izinka6i ezinkulu nakho konke a6ekuthanda kuyamphelekezela ukuze athokoze khona le lapho eya khona, angathukutheleli a6asele eyifuna impahla yakhe a6eyithanda aze a6enze ka6i.

58 35 Ukugcagcisa kweziny' izifunda zakwa Zulu.

Kuyekuthila umkhwenyana esenikiwe izwi lokuthi usezo changuzelwa 6ese kuthiwa entombazaneni kayi zilungisele izimpahla zayo zokuchanguza njengo6uhlalu 6ongaxo namacansi eyokwa6a ugawo, iqoqe nemicimelo ezihlotsheni enjenge zithe6e, amacansi, amavovo, izimbuzi noma yini. a6ayiamelise ngako. A6azali 6ayo 6ede 6eyihla6el' izimbuzi 6ayiphe ukudla okuhle inga6e isase6anza imise6enzi enzima ngo6a phela isiya khulu shaliswa, uma intombi yayi ngazange yemile iselitshitshi ikhona isizo kwa Muliswa ku6izwe a6a6oneli (amasoka nezinsizwa zaku6o nezintombi zaku6o umthimba phela) 6a6onele la6o 6a6izwa kanje:- Intombi iye ithume izintombi uku6a zilande umkhonto 6u6o kaSoka 6afike 6afike 6azinike isijula ezasina ngaso. Uma yemula ithi ingaqeda ukusina 6ese kusuka 6ona a6a6oneli na6o 6esina. Uma se6engen' udlini inyama a6azo6i khishelwa Insonyama noma intombi ingakacelwa 6ese ngamasoka nje 6aya landwa 6afike 6akhishelwe ijou' Insonyama nemkiza yotshwala. Laphoke ezinyizesheli sezizo6ona ukuthi kanti sihambel' u6ala izoqoma namp' a6adla insonyama. Uma sekusondel' usuku lokuchanguza sekumenywa a6afund' amagama okuchanguza se6unenywa nenqambi ezoqamba amagama ohaya la6aya 6asemzini, umbidi phela usezokhipha zonk' izici azaziyo ukuthi 6ayazenza na6e6ayo uzo6ahaya ngako ukwe6a

/kwa6o loko................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Na6a6ulalayo uzo6aqamba ngako uku6ulala kwa6o akukho cala ngo6a ku-
yagidwa na6asekhethweni 6enzenjalo 6a6iza Inqamlu i6ahaye a6omthimba.
Sekothike uma se6efundile umkhongi esenikwe izwi lokuthi akayovu6ela
6ese kuhlatshu inkomo yokuncama nezimluzi acinyeliswe ngazo nga6a-
newa6o ziyo hlatshwa inhla wosuku lokuncana. Inyongo yenkomo umakoti
uyifaka esandleni ezezimbuzi zi6e umqhele ekhanda. Na6afundi se6e-
lutsheliwe usuku, loku hlanganisa, se6ezofike 6afunde 6agcine 6ese
6ede inyama notshwala ngo6a ngakusasa sekofika umkhongi esezokhiph'
uDwendwe; icansi lelo uyofika alendlalelwe useyo hamba nalo sikunge-
lakhe usezokwephulelw' inyama yesifu6a. Uzothi angaqeda izintombi
6esezithi uzothwal' umqulu wamacanse wena" ilona bokisi phela lelo.
Ohlakaniphileyo zothi zimethuka a6eselaphaya ngaphandle esehamba ngo-
6a 6ezizomshaya azalithwale uyise noma umnewa6o useyovunilisa indo-
dakazi noma udadewa6o endlini kwa6o. Umakoti lo akasa6onwa phandle
sekukhetheke a6antu a6athembekile 6odwa uku6a 6amhlalise endlini use-
hlezi ngensika u6eke emsamo, wembethe ingu6o uyakhala sekude kungena
59 onina a6azomanga nokumlaya ngamazwi okuthi "Umntu uyazikhonzela aka-
laywa umntu wazise onyoko zala, uyise usengena ethi vunulisan' into-
mbazane, isibinciswa isidwa6a sayo sokuchanguza, ngo6a phela zi6ili
esokuchanguza nesasekhaya uzishukelwe uyise; usezofaka namasho6a enhla
nengalo ngakwesokhohlo alifake esihlakaleni ngakwe sokunene, afake
amasho6a futhi enhla nezitho a6esefaka inwakazi e6usweni nemnyakanya
ekhanda (izimpaphe zama saka6uli ezithandelwe othini zingangomtsha-
nelo) a6ese6amb' isinqindi ngesandla uyise aGelila6' ihu6o elikhulu
laku6o a6esemthatha ngengalo uyaphu' emnyango usefic' izinsizwa sezimi
nezihlangu zizi phakamisele phezukwama Phanda sezilamikela ihu6o lelo
lika yise sekuqondwe esi6ayeni, intombi nonina 6ayakhala yona ihxene-
cela kakhulu, uyise usenyuka nayo aze aye afike enhla nesi6aya, ese-
fika ema nayo eyiphethe ngengalo esefik' ethetha amadlozi aku6o ethi"
nangoke umntwana wenu Hambani waye usezo6a6alake njalo a6athize a6a-
yizalayo oyise noyisemkhulu a6angasekho athi ngisho kuwe njalo so6a-
ni6ani athe wathi nane so6ani6ani yengokuthi nje ngisho kuwe Mgwazi
kaqaqi uqaqelwa zinyoni khakuwe nyoka zakwelemthini zingengnyawo
a6ese6uyelake ohleni eyiphethe, i6isifik' ihla6I inkondlo yayoke
ezochanguza ngayo usayamukela njalo umthimba se6egiya6anewa6o useyi-
thatha ngengalo usephuma nayo ngesango uyise use6uy' e6uya nayo

/esephuma............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

esephuma okwesi6ili ngo6a phela uphind' imikhondo ukugcwalisa umthetho uku6a kunga6ikho ishwa. Isizothi uku6a iphume iphele usezothi uyise "Hambake mutanami unga6e usa 6eka ngemuva." Unina oyizalayo useyanga eyivalelisa khona lapho ngo6a kayikuhamba, ukuya lapho ichanguzela khona. Ingabeka ngemuva iyo6' iloku ikhumbul' ekhaya i6uya. Umthetho, icingwa uku6a ingabek' emuva iziyishone lapho sekusondelwe emzini sekuzosuk' a6anewa6o 6ayothath' umgoqo esangwani lesi6aya sakonyeni. Izinsizwa zakoluyeni nazo sezihlezi zi6a mlukile ukuthi zizo6ashaya no6ala i6isihlanga6ezene amakhand' a6e6omvu zize kodwa zigcine ziwuthethe ezase mthimbeni zize zihlanga6ezane nomthimba sekuhutshwa ihu6o lokuthi uZulu siya kuzilanda asiye kwa Dedangendlale iyeza iqo6o yamakhosi ho! ho! Ihu6o lamatshitshi lelo se6efika 6ema e6aleni se6ephuma a6akonyeni 6e6akhombi' indlu yomthimba wezintombi nenye yomthimba wezinsizwa uma sezingena izintombi sezizohla6elela elithi "waze waganwa sishokolo se6e lethelwa utshwala 6ulethwa umkhongi kuphela omunye qha 6angamshaya 6amncancathe 6ethi sesihlangene nini nawe noma 6e6ona
60 owakonyeni aku6ingelelwana na6o a6ayi ezindlini a6angangeniswe kuzo, se6elalake. Kuthi ekuthatheni ko6usa 6ese kuvuka unina oyena ephelezela udwendwe othwel' isigubu somntwana a6eseyi6onga intombi ezochanguza esethi" Kusile mama eseyihasha ngezi6ongo zayo loku yiloku 6efike., kusihlwa ngalo kuya qanjwana 6athi a6omthimba ninga dlayi ngaye somthatha a6ase Khethweni 6azothi Musukuza nophondo lomlomo kithi ekhaya.

6uzanchakuzwa zonk' izici ezaziwayo ukuthi a6asekuthini 6enza isici esiwukuthi noku ngenzekanga nje uyaqanjelwa axutshwe nanodade waho kuthiwe 6anemikhu6a kuthiwe nosi6ani 6ani ngan' ekhaya kwenziwa ukudlala 6aze 6athukuthele kuko loko a6anye kodwa aku6icala ngo6a kuya gqumushelwa phela. Uku6a aqede uku6ongel' unina sekuzophum' umthimba nomakoti 6aye Esihlahleni - emfuleni, noma lina akuhlalwa ekhaya a6anewa6o se6enikwa imbuzi ya6o okuthiwa <u>Isiwukulu</u> uku6ulawa kwayo ishaywa nje nangesagila izihlo6o sezi zowulethela izitsha zokudla umthimba na6akomyeni 6azo letha isitsha sotshwala sekuphekelwa kudlelwa khona emfuleni esihlahleni. Sekufik' uyise womntwana emini khona esihlahleni loku phela u6elele ekhaya kwakhe ekangeni mhla lungenayo uDwendwe. Sekuzoza izinsizwa yekhetho ukuzokhuphul' uDwendwe ziza zihla6elela ziyihele zihambe zikhonya zigqashiya zitshekula zighenya zi6uye

/ziphindel'.............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ziphindel' emva ekhaya. Sekuzosuka ezase Mthimbeni ziyosho ukuthi umutwana usefikile. Zifike zingene ema6aleni ziye ziphenduke enhla nomuzi e6aleni ngehele nazo zigqashula 6ese zingena esi6ayeni zigiya 6ese ziphindel' emuva esihlahleni zihamba ziti viyo. Sekuzo shiswa isigcawu laph' umakoti e6ehlezi khona funa 6amthakathe ngezinsila zakhe, U6usu khuphu6a6e umthimba ngehu6o onina se6ehle 6ahamba pha-m6ili 6afika ngehele 6azungez' i6ala 6esho 6ethi. "Iyeza intombi ya-kwethu emhlophe uzongeza amehlo mfokazana ayeza amathole ethu ezinto-mbi." 6ese lufik' uDwendwe lufike luzikhethel' isigcawu oluthena ukuchanguzela kuso ngo6a uma, lukhethelwe. Ikhetho lisuke seliye lafalakahla ngemhlahathi yodonga oluhlala ludilika noma 6ehwaye nge-sihla6athi somfula 6ayo6e 6ayathe 6ayasina 6ashone phansi 6adinwe. Kungafikwa esigcawcini sekuzoqala izinsizwa zomthimba zishay inko-ndlo. Umco6a nswani igamu lokuqala njengokuthi:- Nansi nkondlo siyathatha kwa Ceza." uku6a izinsizwa zemthimba zigcine umco6answa-ni kanye nesigekle sawo sekuzophuma izintombi ngenkondlo yazo zize ngamabele kuqala enje intombi ihole iqhamuka ngakwesokunene nezi nsizwa nenye izihole iqhamuka ngakwesokhohlo nezinsizwa ama6ele ama-6ili azobekana phambi kohla lwezinsizwa phakathi kwesigcawu enye ili-hola ihelo ilise phambili leya eqhamuka koluny' uhlangothi isizo6a qhinqa a6ayo sengathi 6ahlehla uyova kothi uma leya isi6aqhinqa a6ayo lena i6isi 6ehola i6asa phambili aze abekane amabele ziqimbile njalo izintombi lozi amaqhikiza abince utshodo nomutsha onesigeqaňa esincane amatshitshi abince umutsha nje ongafakwe lutshodo ngaphansi onesigege njena. Izi6uki seziphelele esigcawini nekhetho selize ngehele lihambe lihla6elela laze lafika esigcawini nekhetho selize ngehele lihambe lihla6elela laze lafika esigcawini liza nomyeni. Zothi zinga qeda izintombi amahele 6ese ziklela izinsizwa zi6uyela ngemuva izinhla ezimbili sezizothi zingaqeda inkondlo 6ese kuphum' umakoti lapho' efihlwe khona esidingilizini esingemuva kwezinsizwa seku zothiwake "Tulani Umsindo" sekuzophum' uyise ka Makoti kuqala ozo6ongela sekuthulwa nya: Usethi,

"Yethi 6a6a Iyakhuleka lentombi uyeqhawe" useqala ngoyisemkhu-lu ozala lentombi njengokuthi nje. "Lentombi eka gelefana 6amsik' amahawu ongenahawu uyogwazel' entanyeni eka Tetemana onjengase wase Gudwini onti zinqamuka ziphézulu zi6enjengamagudokubema; umahlatshu.

/e6uhleni......................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

e6uhleni onjenge intombi afik' atshel' unina Umanyandeni athi Nxese mutanami uhlatshwe lapho kuhlatshwa khon' amany' amadoda."

Iqhawe lelo lika Tshaka elali6e liyaphum impi lifike lihla6ane laziwa a6ant' a6aningi, Umzilikazi ka Magwa6i ka Khamfile lowo; Impohlo i6utho lakhe kwa Zulu. Use6a6ongake 6onke e6alandelisa njengo 6uqhawe 6a6o u6onga njalo amadodana a6ezwe osefika kuyise i6isigiya isithukuthole, usezode ethi "Kahleni 6afana angikawaqedi amaqhawe." Uku6a aqede uku6onga usezogiya a6eselihla6ak' umakoti igama inkondlo yakhe ekuyona ezophuma ngayo. Loku uyise useshilo ukuthi, "Udondolo lomntanami enkomo ewa6a isho6a layo ijongosi elintusi," esephumake umakoti esina uphahlwe zinkehli ezibince izidwa6a namaqhikiza ngemuva, kulandela a6ana wa6o a6avunile ugezingwe nangezinyo6o zezinsimba 6esho inkondlo yakhe 6ethi Ezethu 6azidl' izwe lonke ye! he! Zulu!!! Uthi angingane engenankomo 6omvumela aze aye afike enhla nesigcawu
63 a6ese6uya ehla nayo esefulathele. Ikhetho lapho seli6uka kahle idanda lakhe nokuhlala komqulu wesidwa6a se6ezoshoke a6ekhetho 6athi awuli6oni idanda layo nomkha6a nensonyawa zayo nezitho zayo Aw! uganine umfoka 6ani usezosina aye angene ohleni lomthimba ku6anewa6o usezosikhomba phansi asikhombe phezulu isinqindi sakhe alikhiphe alise le ihanu lakhe zihahazele izi6uki nekhetho zithi Ha! Ha!! ha!!! uzothi angangena ohleni usehla unyeni ephuma ekhethweni usegiye azayaye ashingile kuye umakoti wakhe, umakoti ke lapho naye usemkhomba ngaso isinqindi lesi sakhe sengathi uyamgwaza ukuze kugcwaliseke ukuthi wasina impela waza wamkhombi ngesinqindi. Ngo6a phela idikazi ka lichanguzi alimkhombi unyeni walo wsuke selingana. Sekuzosuka ikhetho liyovumula lishiya izi6uki zisina lapha esigcawini kuthiwa ziya shanela. Sekuqhamuka Ikhetho selivumula ngama sho6a nangamadlokolo lize ngehele amahau liwa bekise ngalapho kukhon' umthimba kothi lapha beyihele eliphamb' komthimba hese 6esho isaga 6ethi. Liyayikhuphul' ingwenya khuphu!!! Waminza 6ese 6erela lapha amahau emadolweni zithi nanti Ikhetho nant' Ikhetho zifike zime phambi kuka makoti zibanse izisu zithi Beka wophakala kakhulu siyadla thina, uma futhi unolaka asinanda6a nawe" nomyeni usekhuphuka ezosho akuthandayo emyala umakoti ethi uma uzogana kimi nje uyinsezwa enye nami ngiyensizwa
64 sotholana phezulu sekulandela odadena6o inyeni na6o 6afike 6asho a6akuthandayo 6am6ethe kahle na6o izintshodo namahwatha noma igqwanga

/(umtsheke)..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(umtsheke) sekuza nonina na6o 6ezomtshela okwa6o a6afuna akugcine 6alandelane ngokuchanguza kwa6o omdala phambili kuze kugcine ochanguze muva. 6abince isidwa6a ezinhle zezinka6i ezi6izwa ngokuthi Ingu6o 6aziqhole ngomuthwa namaka Ikhetho nalo seliza ngamahele liyasina umyeni uphakathi amahawu aphethwe lapho awekhethelo se6esina 6enyuka 6athi uma 6efika phambi kuka makoti se6enza isigekhe (igama lokukhomba) esifazane sishaye ihlombe. Uma ikhetho liphenduka li6ona kukhon' umfazi ongalishayi ihlombe udla lu6i 6ese 6eyo thath' ihu6o lapho 6e6esuka khona sekuthwake Thulan umsindo. Se6emi kuso isigcawu sekuphuma uyise womyeni use 6ongela ethi ziya khuleka lezinkomo ezika Nanaka ngiyasolo uNonsololo 6ayadla. 6ayasola yimingedwa engingaka soli unomahlanjana onjengoka zwide Umutsh' omude wabul' emazolweni iqhawe lelo lika Dingane elali6uthwe uTshaka, inkosi 6elu leyo yakwa Ntuli okokuthi uMngeni ozal' um6uzo ozal' uMaphoyisa a6asaphethe isifunda namanye esise Qhudeni uku6a uyise aqede uku6ogel' ezinsizwa sezishay' inkondlo nesigekle ususu umthimba usuya ekhaya uthath' izimpahla zawo usufik' ungen' endlini o6ungemiswe kuyo izi6uki lapho seziphiw' utshwala sezichithek seziyozidlela iminjonjo ezintombini zazo nasezihlotsheni naku6angani sekungeniswa utshwala 6omthimba wezintombi nowezinsizwa noyise ka Makoti sekulaka kuyasa kusasa sekuhlatshwa inkomo yomqholiso izintombi zivuke zahla6elela elithi Siyayi thanda sonk' inyama." "Inkomo le isikhethelwa umuntu ono6uhlungu ozakuyigwaz' umshu6o useyigwaza6e izintombi sezi shay' ihlombe zithi Ayiwuke inkomo kadade." Isithi uma inya u6ulango ingawi sezi6uthatha zi6usa ku Makoti endlini ese6unyathela ngonyawo emazinyweni akhe useloku egulula umucu wosinga lwenkomo yaku6o wenzela uku6a inkomo ingawi uma 6eyiphinda 6eyigwaza umkhonto ogigwazayo sezi wuthath' izintombi noma futhi igwazwa iphinde ingawi nalowo seziyawuthatha njengo6a namhla sekukhokhwa usheleni uma ingawi uma isiwile seku6izwa umakoti uku6a azoyatha useza nocu lo6uhlalu o6umhlophe olude usefika elu6eka elwelula enkomeni ohlangathini usephindela endlini a6akhongi a6ahlinzayo 6athi 6ehlinza izintombi 6ezi6athe6isa amabeshu ziwaletha phakathi nezinqe zize nesithe6e izintombi zizo cela amantshontsho okuthiwa amange6eza zihla6elela zithi wo letha amange6eza wo letha. Umlenze uzanya kunina ka makoti ekhaya uhlinzwa inyxonga ingeze yavela inanzi (itwani) futhi ingab6otshozwa

/(ihlazo uma....................

(ihlazo uma kuvele) itwani licingwa onina ukuze kungaбikho umuntu onviya loko, funa angamithi umloбokazi kuбeyabulwe kuthiwe бathatha umswane wenkomo yakhe yokuqholisa. Kuthathwa ngonina бaka makoti

66 aбamsileyo бakugcine kahle umswani umbelwe isisele esiбayeni бathathe konke okungaphakathi okunoбulongo kuyo gezwa emfuleni onananzi amaningi lapho kungasayi kuficwa Umthakathi. Inyongo le aбayeni seбesheshe бayithatha бayoyi londoloza ngoбa бazothela ngayo uMakoti kusihlwa nxa бeke бaphanjwa umthakathi wayithatha ngaбe ufile umakoti akaseyikuthola nzalo. Sekuzongenwa endlinike kukhulungoe (indlu) ngalamazwi kusho uyise ka makoti. Ungifakele ekhwapheni kuthi konke siku бikelane usesisho nesifo asaziyo enganeni yakhe uma engenasifo usezothi. Wo thina soбe sihlutshwe uye nje umntana wenu woбuluhlanya akukho muntu okha khulunyiswe laph' ekhaya. Sekungenisw' imbuzi endlini kayise ka makoti kuthiwa. Nantu uthuli. Sekungenawa eyomnewaбo kamakoti omkhulu sekungeniswa ekaninalume seziqhutshwa ziyo hlatshelwa kwamkhongi lapho kugaywe khona imbiza ende yomkhongi ziya phumo izinsizwa zomthimba sezithath' umkhono enkomeni yomqholiso neбele loyise sekuhanjwake noMakoti useбaphekezela eбaбeka ngaphandle eduze nje usekhala esephindela emuva. Seбefika бedlake izimbuzi notshwala kwa Mkhongi seбemshiyela izinhloko namathumba noбuбende seбemuka umakoti usezosala nezintombi ezithile ezizomthezela бesezidla isifuбa kusihlwa zizezidle nomeke sezi godukake.

67 36 <u>Izivumulo zakwa-Zulu.</u>

Izinsizwa ziqoph' izinsimba nganxanye, aбekele isithupha nganxanye aбekele isithupha futhi eбeshwini ehlile lenkonyana. Isinene kunqunywa izinyane lemva elimnyama бeşe sisontwa isinene, uma бeliselincane lenziwe insonto noma kusontwe senkonyane esiбomvu aбese faka uбusengi engalweni noma ishumi nganxanye nelinye ishumi nganxanye aбesethwala umqhele wengwe eбusweni noma owomthini aбesepheth' iwisa eliбazwe ngoбunono nomzaca omnyama wenqayi owagcotshwa ngelahle lixutshwe namafutha esephatha ikawana elincane eligatshelwe kahle okuthiwa <u>isapholo</u> elikhudlwana kuthiwa <u>Umdlela</u> elikhulu kunalelo kuthiwa <u>Umbumbuluzo</u> elikhulu kakhulu <u>Isihlangu</u>. Usezogqiza ngezigqizo zoбuhlalu laph' emaqakaleni aбesegaxa imfacane ibande loбuhlalu esefaka isicephu esincane sencema ekhwapheni esibeke ukuthi uma enetha imvula endleleni akhumule izinsimba azisonge ngaso ku kanye nesi-

/nene sokusontwa..............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nene sokusontwa. Ngo6a loku kuya qhaqheka uma kunethile kanti noma li6alele nje isicephu lesi lihlo6o. Izinyawo lezi sezi chotshwe zimhlophe ezinzwane zonke zigudlwa ngetshe isinyawo sezi njenge sandla uyakhuphuka emfuleni usenyathela ekhoth' amatshe nama6ala akasafuni ukuthintwa uthuli. Ekhanda uthatha udonqa noma udekane ageze ngalo a6ese shaya izinwele ngezinti ezimbili izinwele 6ese si6e amaqakatha amagqi6ane sengathi kuhlezi izimpukane, okuthi wake Umphu6uzo noma ekwenza ngensipho kuye nzeka uma ethanda ashaye impithi ekhanda, yonake isokhohlwa ngesandla a6eyiloku eyihlikihla sengathi uyazisonta izinwele. Impithike leyo. Usethotha amafutha amahle noma awe
68 mbuzi noma awe phehlwa wona angenansila. Usezowaphonsa kancane mase mzimbeni lokuphela kade egeza. Uma egco6a kakhulu kuthiwa ugco6is' okwe dikazi lona lisuke lizama ukuka kuthiwe limanzi kanti seumxhopho, noma esefika ekhweni lakhe kuthiwe uzo6ukeka noma eyokweshela nazo izintombi ziyikhelele leyo nsizwa kathiwe inono. Uma eselikhehla ke uqapha ibeshu lengwe nesinene sezinsimba sigotshwe amago6ela noma asonte ixhume lemvu emnyama enza isitho6o okuthiwa igqi6o izinyo6o ezithungelwe zenziwa adedla zaqeda lonke iqolo u6ude 6azo zize zishaye ezithunjini zamathanga. Elinye ikhehla lisonta inkonyane lenze izinjo6o ezithungelwe njenge gqi6o lezoke zi6iwa ngokuthi uHayi umutsha lowo noma isinene ku6e esamazinyane ezimvu amnyama senziwe sigcwale amathanga 6angesa6i u6umbeka a6akhwekazi 6ese izinjo6o ezisemaceleni ku6e ezensimango (okufana nenkan) entanyoni loku phakathi kwawo ade ehlukaniswa amaqanjana o6uhlalu kuthi esihlakaleni agudle ngalo lwase lwandle olufana nezimbathi aluhlanganise ngefosi luhlale lu6e izinhla ezimbili agqize ngalo esihlakaleni; uma kunge lahla6ana ligaxa Umnyezane izinqanyana zomuthi umnyezane ezishiswe ezidukweni zabotshozwa zafakwa entanyeni zi6e umgexo awugaxa ehlombe wehle esifu6eni nasemhlane uzuyushaye ege6eni okhalweni okungukuthi iziqu zakhe lezo zokuhla6ana empini. Ivaka noma ongazange ahla6ane akawugaxi entanyani usefa6a izimpondo zonqoma noma ezethole zithungelwe oqho-
69 thweni kufakaza u6uqhawe naloku nezincwe6a noma ezesinkwe noma ezezinyenge-lezane zigqishwe izinsizi zo6uqhawe ancinda kuzo noma ehla6ene yikhona engezukungenwa iqungo ekhanda pansi kwesicoco usenqwaza ngomchilo (insonto) wenkonyane emnyama noma e6omvu. Usephatha amawisa a6azwe ngo6unono noma ema6ili noma emathathu usethel' u6usengi laph'

/ezithweni.......................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ezithweni Uvunulela ukuya odwendweni ukuyo6uka noma esekaya ehla6ile ezophaka inyama uyavunula.

37 Ukuvunula kwesifazane.

Itshitshi liqala ligco6e utshodo manye ligco6e ama6ayi kanye netaula 6ese lishaya umzonyo noma umphu6uzo ekhanda uma selizoqoma 6ese lithenga umalukhambu (umtsheke onemishu) se6ethi cdade wa6o kaliyo6uka ndwendwe selithenga indwangu e6omvu inkankane la6aleshelayo se6ezoqonda ukuthi sekuthiwa ali6uke nje ngo6a selizoqoma selide lephotha nje nomyeko ekhanda. Uma seliqomile livumula ngama rwatha nonzimela selifaka u6uhlalu entanyeni okuthiwa amapasi akhulunyiswayo noma likhonzisa isoka lingafike lilifunde li6e incwadi enjengevela eposini, o6unye 6uthi Kudel' iju6a phela elicosha izinhlamvu emuyange kwenu. "ngo6a phela efake ezinhlamvu eziyintothoviyane lithi Kudela izintothoviyane zona zofa zi6elethene" kodwa uma lonke luyintothoviyane kusuke kuyichilo imala ithi uyamuka unjenge utothoviyane. Uma kuzimhlamvu zomlilwana lithi Shisa izwe mlilwana 6afe 6onke sisale so6a6ili; uma kungezimhlophe unjengo6isi lwesithole, uma ziluhlaza injenge zinta6a ukwethwasa kwehlo6o. Uma lumnyama lithi lithukuthele inhliziyo yami imnyama injengamahlule ezinkomo zika nqasha, "uma 6umpofu uthi 6umpofu esi6ayeni akukho nkomo. Umake itshitshi selikhule langena e6uqhikizeni likhonziswa yisoka lalo ngo6usengi 6asezingalweni nona o6asezithweni 6ese lenza iminqwazo emihle yo6uhlalu yasekhanda 6ese yenza umutsha onemiqondo imigonqolezi emine noma esihlanu ethi uma iwubincile a6uyiloku ubidlika ezinqeni ihlupheke iloku ide iwukhuphula. Lapho isiyinkehli i6a nesidwa6a ethi uma iyo6uka ngokwayo isibince kuthi phansi kwesicholo inqwaze ngeminqwazo emihle entanyeni ifake u6uhlalu o6ungamagcagcane o6ungamacephezane izigegana ezinqeni lapha yenzi obeshwana khona okungamace6elengwana a6azana o6uhlalu nezinsizwake zikhonziswa ngako zintombi nezingusha ezifakwa ezihlakaleni zezitho nezezandla u6uhlalu o6enziwe ngokuqina ezintanjeni ezintathu 6uya thekelezwa 6ubekane uma 6ugqizwa ku6onakale ngciko ukuthi lowo ungusokela; uma isingumlo6okazi ayi6e isa6ufaka lo6o 6uhlalu o6unjalo isase inqwaza ngomnqwazi omunye phansi kwesicholo yesa6a uku6a kuthiwe isiqhwe6a madoda izenz' intombi. Neziqhaza eyayizifaka iseyintombi ezindle6eni ziyimvunulo yayo kayisazi faki izindle6e sekuyimigi6e nje, isezokwembatha itshali noma irwatha noma utshodo

/i6elinono.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Imvu 6elu kasoze ayidla, omunye uyayimbela ethuneni njengesidumbu omunye ayiphe isihambi solinye uhlo6o. Ngo6a uma idliwa owohlo6o lwaku6o angagula afe nokufa. Usezodl ehlanza ngalamanz' amnyama ukuze kuth' a6aku6o angadla xa6o 6agule ku6eyabulwe ezangomeni kuthiwe amadlozi athukuthele 6ese 6ewa hla6ela 6athi 6angawathetha a6asefa. Umuntu 6a6e 6ayawathethe kuf' umuntu ngo6a nakulesigangi sesawona safaka uqeduhlo6o. Amadlozi kasa 6a6eki akalolohlo6o asadla izintethe enta6eni athi eza ku6o a6esefulathele 6oze 6athi na6o 6anga6ona ukuthi mamo! kanti amadlozi akithi asoniwa 6ese 6e6iza inyanga izo6e nzela amanz' amhlophe 6ahlanze ngawoke 6onke 6alolo hlo6o ukuze kulunge kuthi ongekho kuthathwe induku yakhe noma ibeshu lakhe ligcotshwe ngegwe6ulalawo manz' amhlophe.

46 **Ukuvinjezelwa kwo Mthakathi.**

Kuyekuthi uma kude kufaumuzi womuntu kunga qondakali ukuthi yini noma aje kufe iqhawe lenkosi kuye kuthunyelwe kulowo mnumzane noma inkosi elakhe esifundeni sakhe 6ese kuphuma ingoluboco eyobulelwa ku6alozi - izangoma ezethwese kakhulu zenkosi kuya amanxusa noma
79 a6antu 6aleyo udawo 6aye kuzo izangoma ngo6a phela kusuke kukhona namathwasa okuyiwona ezowuqala kuqala umbulo 6afika njalo 6aphethe izibulo. 6afika 6athi ngenda6a zakho Mngoma kozu' idlozi "Akushiwo ukuthi E! Mugane!" unga6e awuze kuhula uma ukhuleka kanjalo Sesizohle si6akhombe esigcawini sokubuleta. 6azothi 6efika 6esithi "Shaya vuma, nize ugomkhu6a sekuphel' umuzi 6asho 6ehlokoma 6ethi, "yizwa ngoma" kuzothi uma ekhona esimnukayo siwoshaye ngesho6a lonkonkoni khon' esigcawini. Lapho use6amb umncedo ngesandla usebincele uhlanje usezohlasho athi "Hawu! Mngoma!! Ngihlanyelelwe ngo6ani kukhon' a6antu a6agezela phezu kwendl' yami. Khon isangoma sizokhwela ngami, ezam' izandla zimhlophe u6uthi a6uzange 6uphathwe kwethu no6a6a kazange athakathe 6ese kuya6ekwake enkosini ukuthi izangoma zivuke ulo 6ani6ani Isith' inkosi "Hambani nimbulale ngingake ngizwe ukuthi weqile wawel uThukela (ngo6a phela angaluwela u6eya6e usesindile usengene esilungwini) Nembala kothi kumpondo zankomo 6e6ewuhlangamsile umuzi lowo 6ethi, "Luhlangene! uhla! uya6a6aza oka Nda6a mfokazana. Laphoke kosind' ingane yentombazane yon' iyo6a zinkomo zenkosi iyo6a sigodlo senkosi iqhutshwa ngalelo

/langa...................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

thwala yonke ke imvu iyoyidlela ekhaya layo. Imithi yokwelapha miningi ifundwa izigodi ngezigodi. Inyanga ikhendla kwenye, idi funda njalo izigoge. Uma uhlaka seluyifundile imithi yokwelapha izifo ngezifo seluma6antu obe6e laphe 6asinda, luya yihlu6uka inya nga luzimele lodwa luzelaphele nalo kokunye luyadlule inyanga elufundisileyo.

48 Imithi yezinyanga Amakhambi okwelapha.

| | |
|---|---|
| Umkhwangwe | Uyancindwa uma umutnu enezembe ujovela |
| Umkhuhlu | Imbiza yokutha. |
| Amangwe | Umithi wezibobo |
| Ingwavuma | Umuthi wesisu uma uhudigazi uyaphalaza |
| Uhlangothi | Kugcatshwa ngawo uncindwe futhi |
| uGo6andlovu | Umuthi wom6ulelo. |
| Isibaha | Umuthu wokukhohlela uyahlafunwa ubenywe. |
| Ndiyaza | Uncindisa uma kufik' isinxe |
| Dinem6uka | Umuthi owenz' uku6'aphelelwe isu kade efun' uku6ulela |
| Umaphipha | Intelezi uma ungenelwa zinyok' ezimhlophe. |
| U Mondi | Isigeqo, wokutha nokuphalaza uthandis' ukudla |
| U Mavinubuka | Uvinib'ihlule uhud'igazi |
| U Makhukhumesana | Umuthi ofakwa ombewini kuthunqiselwe ngawo ensimini uku6a kuvum'ukudla |
| Umthunyelwa | Utunywa ngomoya uphepheth' izintombi |
| Ila6atheka | Giphoso esithunyelwa ezintombini |
| Impundu) | Intelezi yokuphalazis' izintombi zihayiza. |
| Uzililo) | ixutshwa nozililo neha6iya |
| Ushisizwe | Ikhambi lokuncindwa thayiza owo6usoka |
| Umahoqo | Imbiza igeqa nesifo sa6afazi izilond' emlonyeni |
| Mphamaphuce | Ikhambi longqunqiso 6adimwe uquwe a6antu. |
| 82 Umembesa | Isihlungu sezinyoka |
| Umpunyu | Intelezi yokugeza umuthi wezikhali |
| In6oman6oma | Uyaqothwa uphuzwe ukhiph' izilo |
| Umayime | Isi6i6a selaph' umulunywe yinyoka owokuhlasela |
| Umadudula | Umuthi wenyongo (Umakhas' azibexe) |
| Imboni | Uphalazel' izilalo |
| Isidwa | Uyizidendana nje uyagxotshwa kuthiwe ngawo ukhiph' isigwe6edla, kubenywa impuphu yawo. |

/uphilis'...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

| | |
|---|---|
| | uphilis' ikhanda kugcatshw' insizi uma iso liphuma |
| Imfingo | Umuthi omkhulu kwaZulu wokumis' impi nokudla wenzin' iziqu kuchelwe ngawo. |
| Unedlatholana | Imbiza yokugeqa nelumbo neqondo nesinye noma ku6uhlungu iqolo. |
| Ixolo umkuhlu wehla thi | Kuthiwa ngawo ingane umzimb omu6i |
| Iklenya) ) Ugobo ) | uyaphalaz' isifu6a isiphungo futhi ngo6usi |
| Umankunkunku | Owomhungulu umuntu ekhukhumala ufakwa ezinsizini zezinyamazane awuhogele. |
| Umphawamaphuca | Ikhambi leha6iya nesigwe6edla kuphalazwe ngawo |
| Ungazi | O6uyisa igazi uma selimukile uyancidwa kugcatshwe ngawo. |
| Ingulamlomo | Owelap' ukusonteka komlomo uyashiswa ancindiswe ngezinsizi zawo. |
| Imbambezela | Isi6ethelelo uxutshwa nomanaye namafuth' emvu |
| Ibinini)) )) uPohlozi) | Kuhlafunwa izinhlamvu zawo noma zigaywe zikhiph' izilo futhi uyaphalaz' u6ulawu. |
| Idle6e lendlovu | Liqotshelwa kumbiza nkulu liyamisela futhi u6ulawu. |
| Umbizankulu | Iyaqotshwa igeza amahawu imbiza |
| Inguduza | Yojovela nelumbo igeqa ongazaliyo. |
| Umnqawe | Uyaphalaz' isifu6a wenzin' isiphungo. |
| Isizinane | siyimbiza usipheke usiphuze e6useni siyahudisa siyaphalaza esifu6eni siyachatha ingane ngo6isi sifudumele siphek' ilala li6a mnyama. |
| Ikhathazo | Umuthi womkhuhlane, intelezi yokuchel' impi |
| 83 ~~43.~~ uDlutshani | Uphalazisa isifu6a uphekwe ugo6isi wenziwe isiphungo lugca6' isinhlumba. |
| Uyeti (uleti) | Uthungisela ama6ele uchatha isigwe6edla uphalazisa isifu6a |
| Usununundu | Umuthi wesifu6a kuphalazwa ngawo wenziwe isiphungo. |

/Ukukhula..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

49 Ukukhula kwengane.

Ingane yentombazane ikhula iziga6a ngeziga6a ndleso sinomse6enzi othile kunyalo neyomfana ineziga6a zayo njengokuthuthuka kwayo ekukhuleni kokudala, kuma kanje ngokulandelana.

| | Ingane yentombazane | Ingane yomfana | Iminyaka |
|---|---|---|---|
| 1. | Intombazanyana | umfanyana | 7 - 12 |
| 2 | Ikhongwana (Inhleka-6ayeni) | umfana | 12 - 15 |
| 3 | Ijongosi | Impondlelana | 15 - 18 |
| 4 | Itshitsho | Ibungu | 18 - 21 |
| 5 | Iqhikiza | Inbizwa | 22 - 26 |
| 6 | Inkehli - esithunge izinwele | Impohlo | 27 - 32 |
| 7 | Ingoduso | Umkhwenyana | 27 ----- |
| 8 | Umakoti | Umyeni | 27 - 49 |
| 9 | Umfazi - umlo6okazi | Indoda | 50 - 64 |
| 10 | Isalukazi | Ikhehla Ixhegu | 65 - 90 |

Intombazane: ayembathi ikha amanzi, ishanele iphathe ingane iyiphiphe ithclele, ithunywe emizini eseduze. Ikhongwane nejongosi kwambatha isiphuku no6endle kuphothwe izintambo zotshani. Unise6enzi walentanga ukukha manzi nokusinda ukutheza, ukuphemba, ukuphath' ingano noku phelezela unina uma eya emise6enzini eseduze nekhaya njengokusika utshani nokulima.

Itshitsho: lembatha ibayi noma ihwatha lihambe nama qhikiza uma kuyothezwa, kuyosikwa utshani, kuyolinywa kuyohlakulwa liyenze imise6enzi yesifazane ekhaya.

Iqhikiza ne Nkehli : 6ayigana yonke imise6enzi yesifazane ekhaya 6ayalima 6ahlakule 6asinde 6alu6e izintambo zokwakha izindlu 6alu6e

44. amacansi nezithe6e nani nani 6a6umbe izinkamba nezi mbiza 6atheze 6agaye utshwala 6emi6ondo nemisindo nomthakaso.

50 Ingoduso no Makoti noMfazi: 6agcina yonke imise6enzi yo6ufazi nokwakha izindlu ukusika, ukwaluka, ukuca6aya, ukulima, ukuvuna, ukubulula, ukubula ama6ele, ukwela ukugaya neminye enjalo.

51 Isalukazi: Sembatha isidwa6a sigcine imise6enzi yo6ufazi eseduze nekhaya silinde ikhaya uma kuhanjiwe sisale nezingane salu6e,

/sitholele..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sitholele,sishanele silime izife sihlakule amazaleni si6e ngumzanyana.

Kunjalo naku6afana, umfanejana nomfana ka kwembathi lutho kuhamba bushu kwaluse amazinyane ezimbuzi nanankonyane, ku6ambe ithunga uma kusengwa kunikele amankonyane namathole kukheziswe a6anewa6o kwambatha ibeshu lesi khumba sembuzi. Ibungwana neBungu kwalusa amathole kuqhu6eke kwaluse izinkomo nezimbuzi nezimvu, 6asenge izinkomo 6akhethe amathole nama zinyane ezimbuzi, 6awa6ambele aliwa onina, 6akhuleke onina 6awo ezisingeni, zaluke izinkomo nezimbuzi 6ahambe nazo ukuyo zalusa endle. Lentanga iphatha izázila nehau nenduku i6ambe intambo uma ku6oshelwe izinka6i. Insizwa ibinca ibeshu nomusha nomucedo yaluse uma kumakhaza likhithika, noma lina kakhulu i6ophela izinka6i uma kulinywa noma kuthuthwa umuzi, amatshe izigxo6o neminy' imise6enzi enjalo. Isiza ekwakheni izi6aya, izintango, ezindlu, ekulimeni amasimu nase mise6enzini etholisa imali esilungwini noma ukuse6enzel' ipulazi; ihamba iye emisindweni iyohlasela, iyozingela iyembizweni

85 e6andla komnumzane nasemakhosini.

53 Indoda nayo ibinca ibeshu nomusha nomncedo igcine yonke imise6enzi yokumisa umuzi wayo kahle, ukundla a6afazi nezingane, ukufuna inxiwa elifaneleyo ukuluna, ukwakha umuzi nezi6aya nezintango, nokugcina imithethe yezwe njengokumiswe induna nenkosi yayo no Hulumeni.

54 Ikhehla: Uma indoda isiqinile isempunga eya jutshwa Umnumzane inkosi phela uku6a ithunge isicoco la6o6e a6asayi phum' impi noku6izwa e6ukhosini uku6a 6azogcina imise6enzi yezinsizwa namadoda amasha. Useyo khula njalo ede e6izwa ezinda6eni zesizwe ese6enza imise6enzi elingene yena njengo6udala 6akhe aze a6e lixhegu. Kusukela emadodeni kuze kufike exhegwini a6anye 6enza imise6enzi enjengoku sika amabeshu 6athunge izinjo6o 6athunge iziqa6etho nezilulu nezimbenge 6a6aze 6acije izigqiki amathunga imiqengqe izinduku 6aphisele, imikhonto ocelemba izembe, ikhu6a, 6ashu6e izikhumba, kusikwe izintambo namafosi kwenziwe izidwa6a neziphuku 6aphothe u6usengi. Ku6a khona nezinyanga ezikhanda insimbi nethusi nokunye okunjalo a6anye 6a6e zinyanga ezelapha ngamakhambi namakhu6alo eziwethweswa a6adala 6alolohlo6o olufunde imithi.

/Imidlalo.....................

| | |
|---|---|
| Li ngano? | ngomceleketshana! |
| A6antupho? | |
| musa nje | Izimvemvane! |
| Ziyavakash' | emagangeni! |
| Imbuzikaz' | ithwel' umqhele |
| akubekek' | kuyesa6eka! |
| Ho mehxe! | Ho mehxe! |

| | |
|---|---|
| Ngu6ani lo? | Undendezani!. |
| Uza ku6a? | Uza ku ndende. |
| Ndendeni? | Ndende khweza. |
| Khwezani? | Khweza phendula. |
| Phendulani? | Phendula joti. |
| Jotini? | Joti Mkhupha. |
| Mkhuphani? | Mkhuph' unenongwe. |
| Nongweni? | Nongwe gele. |
| Geleni? | Gele nkukhu. |
| Nkukhuni? | Nkukhu' ineqanda |
| Qandani? | qanda ndozi |
| Ndozi ni? | Ndozi muntu |
| Muntu ni? | Muntumagumbeleqel' |

Isiphanga sengeq' amaband'ishumi
Iph' ingeqo siyokheqeza.
Unyomvolozel'uzozalel' a6antwana.
uzo philikici uzophalakaca
Nangw' ejingila!!!

88 We Nondwendwe hamba siyotheza
Emazi6ukweni, mus' angiy' ukuya
Ngagxotshwa izife, kwa phuma ngingila - yanqangunqanguza..
Ya ngang' oxamu! Xamu lahoshoza.
Izizi6a zonke zigcwel' u6ulemhu.
Nonjonjo vuka ngivuke njani?
Ngi6ulewe nje, uga6afana nje.
6akwa Tha6ede Tha6ede muphi?
Yena lo senhla oshay' inka6i
Idundu6ale ngokhalo

/Kwezika................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kwezika Nkweshe unkwesh' a6hini?

A ngakushayi ngenduku yakhe

Emabodlodlo ubodlokale

Ngimshaye bodlo!!, bodlo!! bodlo!!!

Ukholo ka Nkoviyo - Umlolozelo we Thefuya.

Heshe! kholo!! Heshe kholo ka nkoviya kholo!!!

Uphetheni ngomyomo upheth' amasomutwana

Uwasa ngapi? uwasa kuzancenge acinge ka ncinyane.

Athi gqi! gqi!! gqi!!! ame ugeguma lakwa mnewa6o.

Ath' umnewa6o ngena yaph' endlini.

Wa6u yangene kwa vey'zijeje ngezamina pheya.

Ngeza6ayeni 6afike nini 6afik' izoyo

Wa 6ahla6isani? nga6ahla6is' uciyo

Uciyo 6aya maya 6athand' imvu6u

Yona uyamankulu 6adle 6apheyeye

Nontembuzane, ntembuzane 6osho! ntembuzane 6osho!! ntembuzane 6osho!!!

Ngimuke mina ngiye ku 6a6a

Emgumdlovu angiph' ukhezo.

Ngi gqobeye khona kuphum'iziywane

Zakwa magaguya

Magaguya ngendukwana

Vosho! vosho!! vosho!!! vosho!!!!'

89 59 Ukuqonyiswa kwentombi.

Intombi iqala ukuqonyiswa ilitshitshi iqonyiswa insizwa endle njengasemasimini uma iyolima noma iyotheza noma iyokhamanzi iqonyiswa njalo kokunye ihamba nodadewa6o. Insizwa isizoyixi6ulake (ukuyi6ona okokuqala uqalise ukuyiqomisa) "Ungi6ona ngifika lapha nje mntanethu ngizozi6ika uku6a mina sekukade ngakuthanda angazi uku6a wena uthini ngami, mina ngifuna u6e ngowami ngempela khona namhlanje." Intombi iyathula ingaphenduli, insizwa isizoyi6amb' intombi eqakaleni qede ihlale iphansi isizodluthuza intombi ilinge ukuphunyla ithi ngiyeke Mfokazi - 6o, angifuni 6o, mhlaumbe ize iphunyule intombi i6aleke. Insizwa lapho isizoyilandelisela ngamazwi anjingelokuthi "Wo ntombi unga6owakhohlwa amazwi ami lawo." Isizogoduka njalo ize i6uye ngelinye

/ilanga..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ilanga sekothi mhla insizwa isiza okwesi6ili i6isifuna amathu6a okusi6ona isesheli sayo sisodwa; izozama uku6a sembonisweni eduze nasekhaya iylindele izikhathi ezithathu, ekuseni lapho ithemba ukuyi6ona uma iphuma ukuya ngaphandle iyo6e isishesha ngamandla uku6a iqala iyafika, isiseduze insizwa, isicashile; yale uku6a ihlale nje i6isivukile insizwa yenzela uku6a i6enesithunzi entombini ihlale iyesa6a. Nase-
90 mini insizwa ihlala embonisweni, iyiqaphela lapho iphumakho iya emasimini noma iyokha amanzi noma iyotheza i6isigijima iyoyificezela endaweni esitheleko nasekhaya isizoyivimbela ngaphambili ide iyinqanda ngapha nangalapha ikhuluma nayo iyi6uza imi6uzo njengokuthi "Mntanethu kanti uthini ngami na? Ngaze nga6ulala zonke izinyoka zakini na? Ngaze ngaphucuk izinyawo na?" I6isithike intombi mina ngiseyingane angikakwazi ukukhuluma nomuntu nensizwa izophendula ngalo lelo lokuthi Ingani nami ngiseyingane na? Uma u6ungengane unga6e uyangiqoma na? Intombi isizothi "Ngo6a konje 6engike ngathi ngizokuqoma na? " Ngisho kulawo akho phela mntanethu okuthi useyingane, "Ngo6a kodwa wena unga6oni yini ukuthi ngiyingane na?" Kuhle usase u6a yingane yami mntanethu, nami ngiyakwazi ukuzondlela "We! Ge! ge!! ge!!! Uqamb' ushilo ngeke ngishiye u6a6a nomame mina ngiseyingane. Insizwa isizozwa izimpendulo zalentombi ukuthi zithambile ukusensuku zatshwala imqome isiyidedela isinethemba se6ahlukanake.

Nantambama ku6a yikho lokho iyilandele nalapho iyotheza isizoyifica ehlathini isisho wona lawo mazwi okuqomisa ithi "Angisalali angisadli ngifuna okwami unginike khona manje." Isizophendula ngelokuthi intombi "Hai, ngiyeke mina hamba uyokhuluma neqhikiza angikwazi ukukhuluma nawe mina (isho njalo ngo6a isimthanda) isizo6ongake insizwa isi6onga emaqhikizeni isifika ithi "Intombi yakini ithi nginike-
91 ni impahla yami" Amaqhikiza asezothi ensizweni "Hulungileke hamba wo6uya ngolunye usuku sisayokesizwe enganeni" isihambake insizwa isiyoze i6uye mhla isizo6izwa ngamaqhikiza uku6a ilande impahla yayo, ucu lokuqoma.

## 60 Intombi ecijela insizwa.

Kokunye intombi ithi iqonyiswa yinsizwa nje kanti i6iswele iyicijele, ukucijela phela uku6a intombi imthande umuntu engakayiqomisi ifihlisela uku6a inga6onwa muntu. Lentombi i6a nezindlela ezithele eqhu6a ngazo uma i6ona leso sesheli, noma ihlangana na6aku6o kwaleso

/sesheli...................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sesheli, izothi uma i6onana na6aku6o kasesheli icho6ozele i6akhulumise kahle yenze umusa omuningi, na6o 6aze 6a6one ukuthi iya6athanda lentombi. Kepha kuthi mhlazana ethi uyayikhulumisa lo oyisesheli sayo ilwe naye ivuke imba6azane, imethuke imphoxe size sithukuthele isesheli sifune nokuyigaxa ngenduku, size sihambe sesidiki6ele, siyafika ezinsizweni zaku6o siyazixoxela esikwenziwe yilentombi ziyikhuthaze ngelokuthi "Iyona engeyakho uqo6ake leyo elwa nawe" Uma lensizwa ixoxela odadewa6o ngekwenziwe yintombi na6o 6azoyimisa isi6indi ngokuthi "Qinisa ngo6a thina isenzela omkhulu umusa isiphenesipho ezikhombisa ukuthi iyasithanda nempelake naye usezoyiqomisa ngokukhuthazela ize imqome.

·92 Enye intombi kayi6onakalisi lulaka uma icijela insizwa kuye kuthi uma intombi icijele insizwa ethize kepha leyo nsizwa ingakayikhulumisi i6isidithanda ukuyodlula ngaku6o kansizwa ize i6onwe ilensizwa eyicijele kokunye izokhulumisa idlalise nezingane zangakhona isizoze iphume insizwa nasendlini iyi6ingelele iyixoxise inda6a itekula ngamazwi okuyiqomisa 6ese kuthi cosololo enhleziyweni. Yentombi seku ukuyisuka kwakhe njalo, usezode ethi uma eyiqomisa imphendule kahle aze athembe ukuthi, au, kusasa iyonqoma kanti isamelulela isikhathi nga6omu, ngo6a phela kumnandi noku6a i6onwe nga6antu ukuthi uSi6ani uyisuke uthuli eyasekuthini, namazwi ode uyithopha ngawo nqomisa ayayikitaza lale ithokozile izi6one nayo ukuthi ingumuntu, izode iqhu6a kanjalo kokunye kuphele izinyanga eziningi mhlaumbe unyaka kodwa manje zinga6ambili noma ntathu izinyanga uya6e uyeshele impela isizomqomake inikezwe impahla yiwo amaqhikiza.

·93 61 <u>Ukukleza - Ukuqala uku6uthwa.</u>

Kuqala kwaku6uthanwa kuziwe enkosini kuzovivwa amaviyo, 6esekuthi la6a a6e6ethwele se6ethola ukukleza. Uku6uthwa loku 6oku6a ngelikhulu igugu ngo6a uzofika a6uthwe omunye uyafika kontanga ya6o use6atshela elasenkosini igama a6uthwe ngalo, kuzothi noma se6e6uthene a6a6uthiwe 6a6uzane ematshwaleni ngasemakhaya uma sekuphikwa izinkani omunye ethi ngiyi6utho elithile, usezo6uzake omunye ethi uthi uyi6utho elithile nje wa6uthwaphi? wa6asa kuliphi iziko? Endaweni ethize kwa6ulawa zangaki? Okuthe kwathi kwenziwa ngu6ani? Kwehlakalini okhalweni oluthize? 6ekuthi uma seku6onakala ukuthi amaviyo asemakhulu 6eseliguntshulwa sekuqanjwa elinye, sekothi na6ayintanga

/ye6utho....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ye6utho elinqunyiweyo a6anga6uthwanga 6esasele emakhaya 6engayanga ukuyokleza 6ese 6engeniswa kweliza ngemuwa uku6a 6ashu6ise i6utho elisha. Nansi imise6enzi e6isetshenzwa ngama6utho uma kuzovivwa amaviyo noma kuzoklezwa.

Ukugawulela umuzi wenkosi, nokutheza nokuhlakula ngo6a awenkosi kahlakulwa sifazane ahlakulwa li6utho, 6avune, 6athwale emakhanda, notshwala imbala 6uthwalwa i6utho lenkosi, uma 6usuka komunye umuzi wenkosi 6uya komunye njengase osuthu 6uya kwaDlamahlahla. Izintombi zingaze zi6ekhona uma kwenziwe ilimo zi6izwe-ke nazo zizohlakula.
94 Ama6utho lana a6eka6ulalane odwa kuqala ngokudelelana nje. Lithi elinje kwelinye ngeke silwe thina nalokhu nga6afana lokhu, noma 6enze isenzo esithize nje esiqonde uku6eyisa a6elinye i6utho i6isiyasuka njalo impi, muvanje nokho 6ekungasenziwa lokho. Kuyekuthi lapha i6utho seli6uya ekugawuleni 6eseliya enkosini selikhuleka enkosini ngo6a inkosi iyaphuma uma sekuza ama6utho ukuzo6uka a6esefika e6eka izigxo6o ndawonye onke kuze ku6e ngenkulu inqwa6a kanti njalo yilowo uphethe sinye isigxo6o noma ihlahla. 6athi uku6a 6aqede ukuzi6eka nalowo usengena e6uthweni lakhe 6emi eziga6a ngeziga6a se6ezokuya phambi kwenkosi 6ekhuleka Nda6ezitha!!! Ithule nje inkosi i6uke, se6ezosuka manje ngamaju6ane 6egijima phambi kwayo 6elandelana 6enzela uku6a ku6ekhona isikhala esikhulu phambi kwayo, se6e6anga umkhumbike manje 6efuqana, 6egwedlana 6efuna ukuma kahle anga6ikho omi phambi komunye ku6e 6udunsudunsuke lapho nongenamandla u6onakala lapho, 6amdudule omunye 6aze 6amkhiphele ngaphambili komkhumbi ehluleka ukuthola isikhundla sokuma. Induna isimshaya isim6uyisela ngemuva ezinhleni ezingemuva esengena emkhumbini wezikhwehlela ngo6a nokhwehlelayo angekhwehlelele inkosi ngaphambili. Inkosi isizowa6iza amaqhawe ayo ngezi6ongo zawo, ithi dlala 6amkaso6ani6ani othewathi agiye athi angaqeda i6isi6iza omunye njalo izigcine; emva kwaloko sekuzo6a uthe-
95(4) lawayeka oshisekayo uyaphuma agiye 6amusho ngezakhe, njalo kuphume omunye ngokulandelana. Kepha uma u6izwa inkosi noma usemkhumbini wezikhwehlela uphuma khona kuwo umkhumbinyo dlalela inkosi selizoze lechitheke lihamba lihu6a lize liqonde ngaseziga6eni selize lichitheke liye emadlangaleni. Ngokwehlukana kwawo ama6utho ngama6utho nalelo lingenise kwelalo idlangala.

Izimpi eziningi zisukela ekugiyeni; 6ekuyekuthi uma omncane

/ezokleza....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ezokleza elele kwa6aku6o wangena phakathi kwa6o, lapho se6egiya uma naye ethuke esengena egiya 6aze 6am6onga a6alelo 6utho la6anewa6o, akasayi kuya kontangaya6o, sekungase kuchitheke igazi se6em6ona engena kwelinye i6utho kade egiya kwela6o 6aze 6am6onga, ama6utho asengahle alwe e6anga yena lomfo noma sekuqonyiswa noma emncane njalo naye usengase aqonywe li6utho lezintombi eziqome a6anewa6o ngo6a naye e6izwa ngalelo 6utho; phela kwakuligugu nasezintombini ze6utho elithize ukuqoma 6uthweni linye.

5699 64 **Inhlonipho yasendlunkulu.**

Esimnyama isigodlo
Esimhlophe isicamelo abantwana ohlangothini
Esimhlophe isi6aya esikhulu isicamelo

Umuzi wenkosi wakhiwa isidingilizi. Isigodlo singenhla, ngezansi kusesicamelweni ezansana kusohlangothi lwasokhohlo, ngakwesokudla kusesi6ayeni esikhulu. Ngaphansi kwesigodlo ku6usela isicamelo; umuzi wonke u6iyelwe ngothango logagane, kukhona izintu6a ezivalwa ngamahlahla anameva omgwagwane othiya nempisi; lezintu6a ngeziphuma a6ayochitha izi6i, na6ayogca6aza na6ayendle. Njalo a6aqondene nalelo licli, ezansike isikhelekethe sesango elingavalwa ngo6a yiloku 6engena 6ephuma. Kuzothi isihambi esi6a6ele izinda6a zakomkhulu silalele eduze kuthi ekuseni liphuma sesizoya emgangeni; esangweni sifica kukhuna induna ehlala esangweni. E! nina 6akwa Zulu! nina 6asohlangeni!!! Ngingumuntu ka So6ani6ani (umuntu omkhulu) ngithunywe izinda6a ngicela ningigaqele ngaphezulu ku Ndunankulu-isizothi induna yesango hlala laphoke, isizothuma inceku uku6a iyomncoma kundunankulu ukuthi nangu umuntu ka So6ani6ani othi kakhulekelwe kasazike akumumetheyo isizophindela emvake inceku ithi kuthiwa hlala khona lapho zisadla izinduna, uku6a ziqedeke sezizothuma owazo umfana ukuthi katshele lowo muntu, isithunywa sika So6ani6ani uku6a eze e6usweni 6azo azolanda akumumetheyo, afikeke; kufuneka umuntu ozokhuluma aphakamise
100 izwi angakhulumi amfimfize nje, uselandake "E, zinduna zenkosi ngithunywa uSo6ani6ani uthi angizoncoma izinkomo zenkosi zidliwe yingonyama, ithambo lazo lisa6onakala ngo6a uma lingaze licashe nami sengingabuba ku6e sengathi ngizigcwelezile izinkomo zenkosi. Sekuzathiwake Weu! imbo6o ayika6ikho inkosi isalele hamba ucinge umuzi ulale, kanti 6enzela ukufuna isu lokungenisa loluda6a enkosini, kokunye ku-

/kuphele.....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

phele nezinsuku noma zimbili noma ngaphezu kwalezo, ngo6a kokunye sekuvimbe izinda6a ezinkulu esezingene phambili nezivela kwa6anegama noma ku6antwana. Sekothi zingathola ithu6a seziyombika engezanga yena, sezi6ika ngokuthi "Ye6o wena wohlanga, wena ka Mage6a, Nda6ezitha!! Nangu umfana osuka koSo6ani uthi, uthi, uthi, wena wohlanga, naye uthi akumumethe makwaziwe Ingonyama kungaze kumuse emakhazeni, kwagoqanjawo. Ngasitha!!! Uma inkosi yeneme izinda6a zilula isizo6uza ezindunenl ithi "Oka6ani yena lomfana?" Sezimusho isithi "M6izeni" Uku6a afinyelele usekhuleka kahle ngephimbo elihle "6ayede ngonyama yakomkhulu, nkosi yaphakathi" Ngithunywa nguSo6ani6ani ngokwehlileyo endaweni yenkosi ngo6a uma ekuthula uya6ona ukuthi kungamusa emakhazeni uma engaku6ikile, Luhlanga lwezwe!!! isiphendula inkosi "Ye6o 6ani, angidli lutho kodwa ake nim6eke laphaya" Isi6iza inceku "Hambani nimcingele lapho ezimbizeni isizomkhiphela imfihlimfihli yamanoni nesichumu esikhulu sotshwala, lokhoke okwakho wedwa
101 ngisho nohamba naye ungem6ize, lapho usudle wanela sokukwahlule usuzohlanganisa izandla ususho ngephimbo elizwakalayo lokuhlonipha uthi "Ngasitha, okwezulu eliphezulu akuqedwa!!!" Isizothi inkosi akukho makhunzana ohamba nawo na, nzawuthike ye6o ngonyama ka Senzangakhona akhona ma6ili ayindle6e yakhe nda6ezitha isizothi inkosi encekwini, "So6ani, thatha nakhu ukudla nimuse kwa Si6ani6ani nithi kangenise nampa a6antu 6ami." Yikhona se6ofika 6athole okokwesula umlomo.

.102 65 <u>Ukunqwanjiswa kwenkosi.</u>

6ekuyekuthi uma inkosi izoshaya uswela noma izonqwamba iphuma endleni, kuthunywe izinyanga ngaselwandle ziyothatha uswela, kukhona izinhlo6o zemithi ezizohlanganiswa nemili6o, sekuphekwa zinyanga, amabece amathanga, imfe nokunye okunjalo. Akusoze kwadliwa muntu inkosi ingakashayi Uswela. Kuyekuthi kungafika amanxusa a6elande uswela 6ese kuthunywa izinceku ziye kuNdunankulu ukuthi i6utho elithize aliphume liyo6amba inkunzi ilandwa ehlane njalo emhlambini wemyoni kayiphumuli kwezenkosi, okunye sekwa6ola kunona sekushaywa ngekhasi, igqutshwa iqale ize nedlanzi lezinkomo izothi ifika eduze komuzimkhulu ku6e ilapho isikhethwake, seziyishoshelela izinsizwa isi6anjwa ngesho6a, no6am6a emlenzeni uyo6e uthole se6eyiqaqela 6onke ize iwe 6eyi dumele ngezindle6e, nekhala nezimpondo, se6ezoyikipilita umkhono izwa,

/ayihlinziwe................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kuzoqhamuka Umdlunkulu uhamba ucekeza ngamahawana amahle, nezimbongi sezigedeza zimhasha owenkosi sekuzoqhamuka ondunankulu, laphoke senazi ukuthi kukhulu esekuzawuvela, sekuzoqhamuka a6antwana 6eza nengonyama, emva kwa6akayiseke, sekuzo qhamuka yona inkosi isihlo6e iphelele yembethe ezengwe, ihlo6e nangemiqu6ula, iphethe inhlendla, Undunankulu use6uya ngecele laphoke sekungu Hamu" kwa6akayise uMpande osezakuyilawula alawule sonke isikhumba sika Zulu. Usezothi nansoke Inkosi khulekani, ezwakale uZulu — 6ayede, 6ayede, 6ayede, 6ayede!!!! se6ezoshaya ingomane ngezihlangu. Ngqu, ngqu, ngqu, ngqu!!!! se6ezothatha ihu6o elikhulu lakwa Zulu lamakhosi oSenzangakhona noTshaka, inkosi isihlezi esihlalweni so6ukhosi, 6onke a6akayise se6ehlezi 6ethe thekece 6ethambise amathanga 6angayiqoshameli inkosi, uku6a 6ayiqonele nezikhulu ezingamaphetho a6antwana seziphansi kwa6o; Uma sekuzoqutshulwa kukhethelwa inkosi se6ezofika 6eme uhla lwa6o a6antwana uThulasizwe lonake uHamu uyena osezo6athathisa unyawo ukuze kuthungeke unyawo lu6elunye, nehawu liphume ngamkhono munye nenduku iphume ikhombe njengokufundiswa kwa6o, owonayo lapho impiselo ekhanda.

105 ~~62~~. 66 **Ingoma yoSelwa - Ishidi shi.**

6ageza 6onke ekuseni ndawonye isilisa nesifazane 6engahloniphani 6ageza ngendlamu se6ezoguba umkhosi, ngalelo langa umfana ophatha inkosi kakudli ukudla. Nansike:-

Mam' a6antu Mamo a6antu Mam' a6antu
6ayakuzonda 6ayakuzonda 6ayakuzonda
Nqashishi nqashishi nqashi shi
Omshweshwe oFaku 6ona oMswazi.

Inkosi isiphethe uselwa izinyanga sezithayiza eceleni kwayo seyi6iza ama6utho i6a phonsa ngoselwa lushaya phansi 6athi washaya phansi inka nyoko.

ENP 316

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.